



Ukuhlomisa izingane zethu  
ngelikusasa

RI 2

**Isihloko sesifundo: UKristu neBandla laKhe**

# Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto    Isikole sasekhaya



# Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UKristu neBandla laKhe**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: <a href="https://bit.ly/3NACSSHS">https://bit.ly/3NACSSHS</a></p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• IBhayibheli</li> <li>• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe</li> <li>• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.</li> <li>• I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho</li> <li>• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso).</li> </ul> <p><b>Qaphela:</b></p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga le-<b>RI 2</b>.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we-<b>RI 2</b> uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



## Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo.  <b>Isibonelo:</b> Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se-**RI 2** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.



## Isifundo

<b>Isihloko</b>	UKristu neBandla laKhe
<b>Umbhalo weBhayibheli</b>	1 KwabaseKorinte 12: 4-13 kanye naKwabaseKolose 1: 18
<b>Inhloso yesifundo</b>	Izingane zifunda ukuthi umuntu ngamunye unendawo yakhe kanye nezibopho ebandleni, elibuswa nguKristu njengenhloko yalo.

## Isifundo esifingqiwe:

- Ebandleni eliSha lobuPhostoli, sinamabandla amaningi emhlabeni wonke-jikelele.
- Yize noma kungewona wonke amabandla ethu aqhuba izinkonzo eziNgcwele ezindlini zokukhonzela (zamasonto), kepha okwenziwa ebandleni ngalinye kuyafana kakhulu, ngokwesibonelo ukhlanzwa kwesonto, umculo (ukucula noma ukudlala insimbi yomculo), ukhlobisa i-althari njll.
- Ngakho-ke, kunenzuzo uma othile ebandleni enesipho noma ithalente elikhethekile lo-:
  - Ø Kudlala insimbi yomculo,
  - Ø Kucula ekhwayeni yabantu abadala noma ekhwayeni yezingane,
  - Ø Kubhidisha ikhwaya noma i-okhestra,
  - Ø Kuhlobisa i-althari njll.
- UNkulunkulu usinikeze lezi zipho zemvelo ezikhethekile noma amathalente futhi kubalulekile ukuthi siwasebenzise ukuzuzisa kanye nokuthokoza ibandla. Ingabe isipho sakho noma ithalente lakho uyakusebenzisela uNkulunkulu na?
- Encwading 1 KwabaseKorinte 12: 8-10 ibhayibheli libuye likhulume ngezipho zikamoya, okusho izipho ezinikwe amandla nguMoya oNgcwele. Lezi:
  - Ø Isipho sokukhuluma ngokuhlakanipha nolwazi,
  - Ø Isipho sokukholwa (ukukholwa nokuthemba uNkulunkulu noma ngabe kunjani),
  - Ø Isipho sokwenza izimangaliso kanye nokuphulukisa abagulayo,
  - Ø Isipho sokuprofetha (ukumemezela intando kaNkulunkulu ebandleni),
  - Ø Isipho sokuhlukanisa imimoya (ukwazi ukwahlulela phakathi kwamathonya okuhle nokubi), futhi
  - Ø Isipho sokukhuluma ngezilimi (okusho ukukhuluma ezinye izilimi).
- Izipho zikamoya zizosiza bonke ebandleni futhi ziyadingeka futhi ekukhuliseni ibandla likaKristu.
- Njengoba kubhaliwe ku-1 KwabaseKorinte 12: 4-6 “Kepha kukhona iziphiwo zomusa ezahlukeneyo, kepha nguye lowoMoya. Kukhona izinkonzo ezahlukeneyo, kepha yiyo leyoNkosi. Kukhona imisebenzi yamandla eyahlukeneyo, kepha nguYe lowoNkulunkulu osebenza konke kubo bonke.” Ingabe kusho ukuthini lokhu na?
- Noma kunezinhlabo eziningi zezipho, akuwona wonke umuntu owamukela (zonke) ngasinye salezi zipho, kodwa-ke zonke izipho zivela kuMoya oNgcwele ofanayo.
- Kunezikhonzo ezahlukahlukene, kepha isikhonzo ngasinye sikhonza iNkosi efanayo.
- Amandla ahlukeneyo aqhamuka kuNkulunkulu futhi avumela ukusebenza kwezimangaliso namandla ahlukeneyo. UNkulunkulu unika amandla zonke izipho esinazo.
- UmPhostoli uPawulu uqhathanisa ibandla nomzimba. Funda KwabaseKolose 1: 18.
- Njengomzimba womuntu, lona mzimba (ibandla) unamalungu amaningi, ayaphelelisana futhi ayadingana.



- UJesu Kristu uchazwe njenge-“nhloko yomzimba” futhi lokhu kugcizelela ukubaluleka okukhethekile kukaKristu ebandleni laKhe.
- Singumzimba futhi alikho ilungu lomzimba elingaphila ngaphandle kwekhanda, akukho lutho oluzosebenza ngaphandle kukaKristu. Uqondisa ibandla laKhe.
- Inhloko iyingxenye yomzimba ukwakha konke, lokhu kusho ukuthi uKristu uxhunyaniswe kakhulu nebandla laKhe.

## Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Lapho wonke umuntu ebandleni esebenzisa izipho (zemvelo noma ezingokomoya) esibusiswe ngazo, ukukhonza uNkulunkulu ebandleni, kuzodala injabulo kubo bonke futhi wonke umuntu azuze. **Funda** eyoku-1 KwabaseKorinte 12: 7.
- Njengabantwana bakaNkulunkulu futhi singamalungu ebandla, sakha ingxenye yomzimba kaKristu, noJesu eyinhloko yebandla laKhe.
- Umntwana kaNkulunkulu ngamunye ubalulekile futhi unendawo yakhe nomsebenzi wakhe ebandleni.
- Sinokwehlukile kwethu maqondana nemvelaphi yethu, isimilo, ubuntu nezipho ebandleni, kepha umphefumulo ngamunye ogcotshiwe wathola isipho sikaMoya oNgcwele.
- Umsebenzi kaMoya oNgcwele uyisibopho esijwayelekile phakathi kwethu futhi usigcina sindawonye.

**Ingabe siyini isipho sakho noma ithalente lakho na? Ingabe ukusebenzisela ukukhonza uNkulunkulu nokujabulisa ibandla lakho na? Uma kungenjalo ungaqala yini manje na? Sithola isibindi namandla kuMoya oNgcwele, vumela uMoya oNgcwele ukuba akusebenzise emzimbeni kaKristu.**

**Yenza isivivinyo 1 no-2 nengane.**

**Izimpendulo zesivivinyo 1 no-2:**

1 KwabaseKorinte 12:13: “Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhathizwa sibe-mzimba munye...”

Incazelo eyengeziwe - UMoya oNgcwele unguMoya owodwa ogcina konke ndawonye.

INhloko yabaPhostoli yathi: Yonke indawo kufana nasekhaya, kuphela-nje kwehlukile kakhulu!



## Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe sizithathaphi izipho zethu namathalenta ethu na?

**Impendulo:** KuMoya oNgcwele

2. Yize sinezikhonzo ezahlukene, kambe ngubani esimkhonzayo na?

**Impendulo:** Sonke sikhonza uNkulunkulu ofanayo

3. Ingabe ngubani onika amandla izipho esinazo na?

**Impendulo:** UNkulunkulu usinika amandla. Usenza sikwazi ukusebenza ngezipho zethu.

4. Ingabe umPhostoli uPawulu uliqhathanisa nani ibandla na?

**Impendulo:** Nomzimba womuntu

5. Ingabe ngubani inhloko yebandla futhi ngubani ongumzimba na?

**Impendulo:** UJesu Kristu uyinhloko futhi thina-malungu ebandla singumzimba

## UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

*Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku*

*Busisa bonke abazali nezingane*

*Sengathi singabuzwa ubukhona baKho*

*Busisa isifundo esizoba naso*

*Sicela usifundise ukukukhonza*

*Futhi usisize ukwenza intando yaKho*

*Ukuze sikhule sisondele kuWe*

*Thumela uJesu azosilanda*

*Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe*

*Amen*